Environmental Justice Fund
BY ACTIVISTS • FOR ACTIVISTS

# Uhlaka Lwe-EJF Loxhasomali Oluphuthumayo

Isingeniso

I-Environmental Justice Fund (EJF) iyazi ukuthi ngezinye izikhathi izinto zenzeka isigubhukane kungazelelwe futhi-ke ngenxa yalokho ngezinye izikhathi inganikeza uxhasomali oluphuthumayo ukuze kusheshe kutholakale usizo oluphuthumayo ezimweni ebezingalindelekile.

I-EJF inaka kakhulu izingozi izishoshovu ezibhekana nazo ngezinye izikhathi ezifuna ukuba kuthathwe izinyathelo esiphuthumayo zokugcina othile ephephile. Siyazi nokuthi kunezinhlangano ezingochwepheshe kulolu hlobo losizo. Sisebenzisana nezinhlangano ezingochwepheshe ekuvikeleni izishoshovu zamalungelo abantu.

Inhloso Yalolu Hlaka Loxhasomali

I-EJF isungule lolu Hlaka Loxhasomali ngezizathu ezimbili.

a) Kuhloswe ngalo ukuqondisa abasebenzi be-EJF lapho becubungula izicelo zoxhasomali oluphuthumayo.
b) Luyinsiza yomphakathi eyingxenye yokuzibophezela kwe-EJF ekwenzeni izinto obala, nangenhloso yokucacisa inqubo esetshenziswa yi-EJF lapho inquma ukuthi yiziphi izicelo zoxhaso oluphuthumayo ezizovunywa.

Ukufanelekela Ukuthola Uxhasomali Oluphuthumayo

Kunezimfuneko ezimbili zokufanelekela ukuthola uxhasomali oluphuthumayo.

**Eyokuqala**, umfakisicelo kufanele ahlangabezane nezimfuneko ezivamile zokuthola uxhasomali lwe-EJF (ezifuneka kuzo zonke izicelo). Lezi zimfuneko zifuna ukuba abafakizicelo:

1. Babe yinhlangano noma umfelandawonye[1] ozinze emphakathini owusebenzelayo futhi ube yingxenye yalowo mphakathi;
2. Babe yinhlangano esebenza ngezindaba ezithinta ubulungiswa bezemvelo; futhi
3. Babe yinhlangano eseNingizimu Afrika.

Sicela uqaphele ukuthi i-EJF ayiwaxhasi ama-NGO amakhulu, asezinzile kakade – sigxile kuphela ezinhlanganweni ezincane, ezizinze emphakathini. Asizixhasi nezinkampani ezizimele noma ezikahulumeni.

**Eyesibili**, kumele kube ukuthi izimali umfakisicelo azicelayo ziyizimali azidingela ukuthola usizo **lokusabela ngokushesha ezimeni ebezingalindelekile.** Izibonelo zezimo ezingase zifanelekele lokhu zibandakanya:

- Lapho kusongelwa impilo yesishoshovu noma kunezinsongo ezinkundleni zokuxhumana naku-inthanethi ngenxa yokubandakanyeka kwaso emsebenzini wobulungiswa bezemvelo, futhi kudingeka usizo oluphuthumayo lokuvikela leso sishoshovu.
- Lapho umphakathi waziswe ngomzuzu wokugcina mayelana nezingxoxo zokubonisana nawo ezihlelwe ngumnyango noma inhlangano kahulumeni okuzodingidwa kuzo izindaba zobulungiswa bezemvelo ezinomthelela omkhulu ezimpilweni zawo, futhi ufisa ukuba khona kanye/noma ukuhlangana ngaphambi kwalezo zingxoxo ukuze uzilungiselele.

[1] I-EJF ayivamile ukuxhasa umuntu ozimele gelekeqe kodwa sizimisele ukusiza lapho kunesicelo soxhaso oluphuthumayo esivela kusishoshovu esidinga usizo lokuthola isivikelo ezinsongweni ezingenakugwenywa.

- Lapho ukungcola kubangele uhlobo oluthile lwesimo esiphuthumayo emvelweni.
- Lapho kunesishoshovu esiye saboshwa ngesikhathi kunombhikisho futhi sidinga usizo lwebheyili.

Sicela uqaphele ukuthi izimo ezilandelayo azizona izimo eziphuthumayo ezidinga lolu xhasomali:

- Lapho inhlangano ifuna ukufaka isiphakamiso kube kungesona isikhathi se-EJF sokufaka iziphakamiso noma lapho inhlangano ifuna ukufaka isiphakamiso ngemva kosuku lokugcina lokufaka iziphakamiso.
- Lapho inhlangano ingazange ihlele kahle izinto kusengaphambili (ngesikhathi okwakusengenzeka ngaso lokho kuhlela) futhi manje sekuphakame isidingo sokuthatha izinyathelo eziphuthumayo.

**Ezinye izinto okufanele uziqaphele mayelana nokufanelekela ukuthola uxhasomali oluphuthumayo:**

- Labo njengamanje abathola uxhasomali lwe-EJF abakufanelekeli ukuthola uxhasomali oluphuthumayo. Noma ubani othola uxhasomali lwe-EJF njengamanje kodwa odinga usizo oluphuthumayo kufanele axoxe noMxhumanisi Wokwesekwa Kwezishoshovu abavame ukuxhumana naye.
- Ukuze izinto zenzeke ngokulunga futhi sikwazi ukusiza abaningi kangangokunokwenzeka nakuba singenayo imali eningi, ngokuvamile inhlangano eyodwa asiyiniki uxhasomali oluphuthumayo izikhathi ezingaphezu kwesisodwa onyakeni owodwa.

Ubukhulu Boxhasomali Oluphuthumayo Nobude Besikhathi Salo

Uxhasomali oluphuthumayo luthatha isikhathi esiyizinyanga ezintathu kuya kweziyisithupha futhi ngokuvamile luqala ku-R5 000 kuya ku-R35 000.

Indlela Yokufaka Isicelo Soxhasomali Oluphuthumayo

Awukho umnqamulajuqu othile wokufaka isicelo soxhasomali oluphuthumayo. Izicelo siyozicubungula nganoma isiphi isikhathi, inqobo nje uma iyobe ingakapheli imali yethu ebekelwe uxhasomali oluphuthumayo kulowo nyaka (okuyimali enomkhawulo). Ayikho futhi nendlela ethile ekhethekile okumele isicelo sihlelwe ngayo.

Lapho umfakisicelo ecela uxhasomali oluphuthumayo, kufanele:

1. Afunde wonke lo mbhalo ukuze aqiniseke ukuthi uyahlangabezana nemibandela yokufaneleka.

2. Athumele i-imey'li ku-proposals@ejfundsa.org.za ibe nesihloko esithi RAPID RESPONSE GRANT APPLICATION noma ku-WhatsApp (078 291 0014) azethule yena nenhlangano yakhe, achaze isimo, ukuthi imali izokwenzani nokuthi yimalini ayicelayo. Abafakizicelo kumele basinikeze inombolo yokuxhumana nabo, futhi kufanele bafake wonke amaphepha abanawo asekela isicelo sabo.

UMxhumanisi We-EJF Wokwesekwa Kwezishoshovu angase amthinte umfakisicelo ukuze acacise noma yimiphi imibuzo, ahlole nemininingwane (njengokuqinisekisa ukuthi isicelo esangempela nemininingwane esesicelweni). Isicelo soxhasomali sibe sesinikwa uMqondisi Omkhulu We-EJF.

Indlela Ezenziwa Ngayo Izinqumo Zoxhasomali Oluphuthumayo

Izinqumo mayelana nezicelo zoxhasomali oluphuthumayo zenziwa ngabasebenzi be-EJF – ngokuvamile okuba nguMqondisi Omkhulu kanye noyedwa wabaXhumanisi Bokwesekwa Kwezishoshovu.

Kuhlolwa ukungqubuzana kwezintshisekelo ukuze kubhekwe ukuthi sikhona yini isisebenzi esicubungula leso sicelo soxhasomali oluphuthumayo esingase sithenteke ngokungafanele. Ukuba khona kokungqubuzana kwezintshisekelo akusiphazamisi nhlobo isicelo, kumane nje kusho ukuthi i-EJF izohlela ukuba isicelo sicutshungulwe izisebenzi ezihlukile ukuze inqubo ihambe ngokulunga.

Abasebenzi bacubungula le mibandela elandelayo lapho bethatha izinqumo mayelana nezicelo zoxhasomali oluphuthumayo:

1. Ingabe umfakisicelo uyahlangabezana nemibandela ye-EJF yokufanelekela ukuthola uxhasomali?
    a. Uma isicelo sivela kumuntu ozimile gelekeqe, ingabe zikhona yini izizathu ezizwakalayo zokuthi i-EJF ichezuke kunqubomgomo yayo yokungamxhasi umuntu ozimele gelekeqe?
2. Ingabe zikhona izimo zangempela ebezingalindelekile ezidinga usizo oluphuthumayo?
3. Ingabe zikhona ezinye izinhlangano ezisesimweni esingcono sokusiza – esikhundleni se-EJF noma ezingababambisana nayo?

I-EJF ihlose ukuphendula izicelo zoxhasomali oluphuthumayo engakapheli amahora angu-48. Kuba nguMxhumanisi We-EJF Wokwesekwa Kwezishoshovu owazisa umfakisicelo mayelana nesinqumo.

<u>Ukubuyekezwa Kohlaka Loxhasomali</u>

I-EJF izibophezele ekucabangeni njalo ngemisebenzi yethu nezindlela esisebenza ngazo. Lolu Hlaka Loxhasomali Oluphuthumayo luwumbhalo ozobuyekezwa njalo yiBhodi, okungenani njalo ngemva kweminyaka emibili, futhi luhambisane noHlelo Lwe-EJF Lwamasu, Nokuqapha, Ukuhlola Nokufunda.